

Ngolunye usuku inja
encane yayidlala ibhola.





Yabona ikati.
Yathi,"Sawubona kati elincane. Ngingadlala nawe?" Ikati elincane lathi, "Ngingadlala nawe." Ngingadlala nawe ibhola lakho?"

"Yebo", kusho inja encane.

"Yibhola elibomvu leli. Ngizokhahlelela kuwe bese wena ulishaye libuyele kimi."






Khona manjalo abangane ababili baqala badlala ibhola.

Inja encane yathi, "Ngiyathanda ukudlala nawe. Kumnandi. Ungumngane omuhle."

Ibhola elikhulu elibomvu
laphonseka ngale kodonga.
Ikati elincane laqala
ukukhala.


"Asisenalo ibhola
esizodlala ngalo."





"Ngiyathanda ukudlala ibhola elikhulu elibomvu";kusho ikati elincane.

Ikati elincane laqala lakhala lakhala futhi.



"Ngizolilanda ibhola," kusho inja encane, yeqela ngale kodonga.

Ngokushesha yabe isibuye nalo ibhola.

Ikati elincane lajabulela ukuthi ibhola selibuyile.

Abangane ababili badlala,badlala.





Inja encane yathi, "Woza endlini yami sizobuka incwadi yezithombe."

Encwadini yezithombe, babona inja encane idlala ibhola nekati elincane!

